

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| Mandulo 2018 Ushicilelo 2

Mahlangu showcases Ndebele heritage to the world

DESPITE HAVING no formal education, iconic Ndebele artist Esther Mahlangu has gained international fame, thanks to the passion she has for her heritage.

More Matshediso

Dr Esther Mahlangu (82) is the perfect embodiment of what can be achieved by embracing your heritage.

Mahlangu is known all over the world as the South African artist from the Ndebele nation who uses her contemporary painting style to represent amaNdebele.

Her work has been featured by various local and international brands such as BMW, Honda, British Airways, Albany and Tastic rice, to mention a few. It has also been showcased in many art exhibitions across the globe.


Vuk'uzenzele visited her home near Mthambothini in Mpumalanga to speak to her about the importance of embracing heritage and culture.

"My heritage is part of who I am. It is important for everyone to love who they are and respect their culture. Respecting your culture can take you places and also put food on your table," she said.

Youth and heritage

Mahlangu said young people should take it from her that sticking to their roots and embracing their traditions and culture could be their ticket to the world.

She has proudly embraced her Ndebele culture throughout her life, in how she



Registering customary marriages protects families

Page 4



Crushing fruits for a healthier business

Page 6



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

Free Copy

● **Cont. page 2**

Ukubhalisa umshado wesintu kuvikela imindeni

Dale Hes

ENingizimu Afrika, imishado yesintu yamukeleka ngenenxenyeyamasiko nendabuko. Nokho, kubaluleke kakhulu ukuthi le mishado iqhutshwe ngendlela efanele nesemthethweni, ukuze amalungelo endoda nonkosikazi avikeleke.

Umqondisi wezomthetho weKhomishana Yezokulingana Ngokobulili uMarissa van Niekerk, uchaza imishado yesintu kanye namaphuzu abalulekile okumele abantu bawakhumbule.

Vuk: Iyini imishado yesintu?

MvN: Imishado yesintu iqhutshwa ngokosiko nangokusebenzisa izindlela zesintu ezilandelwa izakhamuzi zaseNingizimu Afrika.

Vuk: Le mishado kumele ilandele emiphi imithetho?

MvN: Imishado yesintu ilawulwa ngokoMthetho Wokwazisa Imishado Yesintu we-1998 (uMthetho 120 wowe-1998). Kumele kwaneliseke izidingo ezilandelayo:

■ Bobabili abathintekayo ku-



mele bavumelane ngokushadana

■ Bobabili abashadayo kumele babe neminyaka engaphezu kweyi-18, ngaphandle kwalapho abazali noma abanakekeli ngokomthetho behlinzeke ngemvume lapho oyedwa noma bobabili bebancane ngokomthetho.

■ Umshado kumele ubhaliswe kuMnyango Wezasekhaya ezinyangeni ezintathu kushadiwe ukuze kuvikelwe izintshisekelo

zabashadikazi, izingane kanye namalungu omndeni uma kwenzeka kuba nesahlukaniso somshado noma ukufa.

■ Lapho kubhaliswa umshado, abashadikazi kumele baphathe amakhophi omazisi kanye nesivumelwano selobolo (uma sikhona). Kumele kube nofakazi oyedwa okungenani ovela emndenini ngamunye.

■ Umyeni ofuna ukushada ngokwesintu okwesibili nomunye unkosikazi

kumele afake isicelo enkantolo.

■ Abantu abashade umshado wesilungu abanakungena emshadweni wesintu.

UMthetho Wokwazisa Kwemishado Yesintu uthi bobabili abathintekayo emshadweni banamalungelo alinganayo njengendoda nenkosikazi.

Vuk: Ngeziphi izinkinga ezingase zivele emshadweni wesintu?

MvN: Ukungabhaliswa komshado kudala izinkinga ezi-

nkulu. Ukubhalisa kuhlinzeka ngobufakazi bokuthi impela umshado ukhona, ngakho kuba nzima ukufakazela ubukhona bomshado ongabhalisiwe. Lokhu kuzoba nomthelela emandleni enkantolo okuvikela amalungelo abashadikazi lapho behlukanisa umshado, ukwabiwa kwamafa lapho kunomshadikazi oshonile kanye namalungelo ezingane kanye namalungu omndeni.

Enye inkinga engase ibe khona wukuthi abashada umshado wesintu bavame ukuphambanisa ukwahlukanisa umshado nokwahlukanisa ngale komthetho. Kubalulekile ukugqamisa ukuthi yinkantolo kuphela enamandla okwahlukanisa umshado. Abashadikazi abahlukana ngale komthetho abazukuhlomula emithethweni elawula ukuqedwa komshado. **V**

Uma udinga imininingwane ngalolu daba shayela iKhomishana Yezokulingana Ngokobulili kule nombolo: 0800 007 709.

Uhulumeni usiza imindeni



Dale Hes

Njengoba izindleko zokuphila zikhuphuka uhulumeni usebenza ngokuzikhandla ukunciphisa umthwalo wezezimali othwelwe izakhamuzi zaseNingizimu Afrika ngokuthi kube nepahla ethile ezoba sesigabeni sokungakhokhelwa intela yokuthenga.

Inhloso yokuthi kube nesigaba sempahla engakhokhe-



lwa intela yokuthenga wukusiza imindeni ehola imali encane, esebenzisa ingxenye enkulu yomholo ukuthenga impahla yasendlini.

Impahla efakwe esiga-

beni sokungayikhokhi intela yokuthenga ayikhokhelwa i-15% yeNtela yeNtengo (i-VAT). Kuhloswe ukuthi ilekelele izakhamuzi zaseNingizimu Afrika ukulondoloza imali.

Kunezinhlobo zokudla eziyi-19 ezingakhokhelwa i-VAT ezibandakanya: impuphu, isitambu, irayisi, isinkwa esinsundu, izithelo, imifino, inhlanzi esekanini namaqanda.

Phezu kwalokho, impahla enjengodizili, uphethilomu

nopharafini, kanye nezihlinzekelo ezithile okubandakanya imiqasho, ezokuthutha ngojantshi nangomgwaqo kanye nezemfundo, azikhokhelwa i-VAT.

KuNhlolanja uhulumeni wamemezela ukuthi uzonyusa i-VAT isuke ku-14% iye ku-15%. Uhulumeni uyazi ukuthi imindeni eswelle izosindwa kakhulu kwezezimali.

Ukuze kuthulwe umthwalo wokunyuka kwezindleko zokuphila, uNgqongqoshe Wezezimali uNhlanhla Nene waqoka ithimba elalizoqhamba nezincomo zokuthi ngeziphi ezinye izimpahla ezidingeka emakhaya okwamele zifakwe esigabeni sokungakhokhelwa i-VAT.

Emuva kocwaningo olunzulu nokubonisana nomphakathi, leli thimba lancoma ukuthi kunenye impahla okumele ifakwe ohlwini. Le mpahla ibandakanya:

- Isinkwa esimhlophe
- Ufulawa omhlophe

- Ufulawa wamakhekhe
- Imikhiqizo eqondene nokuya esikhathini kwabantu besifazane
- Umfaniswano wesikole
- Amanabukeni

Le thimba laphinde lakhuthaza uMnyango Wezezimali Kuzwelonke ukuthi uqinisekise ukuthi zonke izinzuzo zokungakhokhelwa intela yokuthenga ziba ngezabathengi kunokuba zibe ngezabakhiqizi.

Leli thimba laphakamisa nezinye izindlela zokuqhubeka nokusiza imindeni empofu, ngokuqinisa izinhlelo zikahulumeni ezinjengokuhlinzeka ngokudla okunomsoco kwamahhala, ukuhlinzeka ngemikhiqizo eqondene nokuya esikhathini kwabantu besifazane kanye nezibonelelo zomphakathi njengemikhakha okungandiswa imali esetshe nzi swa uhulumeni kuyo.

Evotini yesabelomalisomnyango wakhe uNgqongqoshe Nene wathi uhulumeni uzosebenzela ukuqinisekisa ukuthi abantu abampofu kakhulu abalinyazwa amazinga e-VAT. **V**

USithibe uphila impilo emnandi kakhulu enebala elimhlophe



■ U Lerato Sithibe uhola umkhankaso wokuqwashisa ngokuba nebala elimhlophe.

Galoome Shopane

U Lerato Sithibe ungununtu wesifazane ophila nebala elimhlophe, i-*albinism*. Uyazigqaja ngebala lakhe ngokungavumeli ezinkolelo-ze zilawule impilo yakhe.

Uthe, "Kubalulekile ukuthi abantu abanjengami bangabavumeli abanye abantu ukuthi balawule ububona. Zigqaje ngebala lesikhumba sakho ngoba wakhiwe ngobuhle obumangalisayo."

USithibe (oneminyaka yobudala engama-28) waseKro-

nstad eFreyistata, uchaze ukuthi isimo sakhe siwufuzo lokuthi umuntu usuka engenazo izakhi ezanele zokukhiqiza umbala wesikhumba, izinwele noma namehlo.

"Asiwona umuthi noma izilwane njengokokucabanga kwabantu. Singabantu njengabo bonke ababantu."

USithibe utholakala emikhakheni eminingi. Uwunobuhle omodelayo, osebenzisa imfashini ukuqwashisa abantu ngokuba nebala elimhlophe futhi uyisishosovu sabantu abaphila nokukhubazeka eFreyistata.

Uthe wakhula emndenini ongazange umenze azizwele ehlukile noma engathandwa ngokwanele ngenxa yokuba nebala elimhlophe.

"Ngangingaqondi ukuthi kungani ibala lesikhumba

sami lehlukile kunelabanye abantu, ukuthi kungani ngasosonke isikhathi uma ngiphumela phandle abantu bangibize ngamagama angalungile futhi bangibuke njengomuntu ongafanelwe ukuba kuleyo ndawo."

"Asiwona umuthi njengokokucabanga kwabantu. Singabantu njengabo bonke ababantu."

Isihlamba esihambisana nokuba nebala elimhlophe senza

uSithibe awubonge kakhulu umndeni wakhe, ubonga bona ngokuba ngumuntu wesifazane onamandla nozethembayo.

Ezinye izinkathi uSithibe aziqhenya ngazo kakhulu zibandakanya ukuthola isicoco emncintiswaneni wonobuhle abanebala elimhlophe i-*Miss Free State Albinism 2018* nokukhethwa njengomunye wabandle umhlanganiso embukisweni wemfashini i-*Face of Free State Fashion Week 2018*.

Njengoba uMandulo kuyi-Nyanga Yokuqwashisa Ngokuba Nebala Elimhlophe uSithibe uthe kuzomjabulisa kakhulu ukubona nabanye abantu abanebala elimhlophe bepumela obala benza izinto ezimangalisayo emkhakheni wonobuhle kanye nakweminye imikhakha. ■

Abantu abanebala elimhlophe bangazinakekela kanjani?

- Gwema ukushiswa ilanga lapho ilanga lishisa kakhulu (ngehora lesi-9 ekuseni kuya kwelesi-3 ntambama).
- Gqoka impahla yokuzivikela okuyizigqoko zelanga ezinkulu, ihembe enokhola nemikhono emide.
- Sebenzisa isigcobo sokuvikela ilanga kuzo zonke izindawo ezingashiswa ilanga, okungenani kube i-*SPF 30* uphinde uyigcobe njalo emuva kwamahora amabili uma uphandle elangeni.
- Vama ukuya kudokotela uye kohlola amehlo nesikhumba.
- Gqoka izibuko zelanga uma uselangeni.

Closed clinic transformed into pre-school

Dale Hes

The old Newlands Clinic in Cape Town has been given a new lease on life, after being converted into a pre-primary school that caters to 125 children between the ages of three and six.

The Western Cape Government saw the opportunity to give the children of Barkly House Pre-Primary School a better learning environment, converting the closed-down Newlands Clinic into new premises for a school, at a cost of R10.2 million.

Facilities at the converted and modernised new building include five classrooms, a science block, a music room and aftercare facilities.

The Western Cape Department of Transport and Public Works called on award-win-



■ From left to right. Architect Rahdia Parker; Barkly House principal Jeni Reid, Western Cape Education Minister Debbie Schafer and Western Cape Transport and Public Works Minister Donald Grant with some of the pre-school children.

ning female architect Rahdia Katieb Parker to lead the transformation.

Parker is the co-founder of Archi.CapeTown, a 100 percent black and female owned company which focuses on community and education projects.

Parker said that the project was based around giving children a positive first experience of school.

"It was important that, during the design of Barkly House, positive experiences were established, to give chil-

dren a sense of safety, freedom, exploration and connection to landscape," said Parker.

"The school was designed to promote good mental, physical and emotional wellbeing while learning. I believe that the school sets new standards

for learning that the Department of Education can be proud to promote," Parker added.

During the past years Parker has been closely involved with the education sector of the Western Cape. In 2012, she initiated a project to address overcrowding in schools. The project has since placed 950 schools in 200 locations around the province.

Barkly House Pre-Primary principal Jeni Reid, said that the new building has greatly improved the learning environment for the children.

"It has been wonderful to be a part of the process and we are loving the new environment. We have more space and better facilities. We have also been able to increase our pupil numbers from 75 to 125, and we already have a long waiting list for the future," said Reid. ■

Soweto at a birds view for tourists

WHEN INNOVATION meets excitement a lucrative aviation company takes to the skies.

More Matshediso

Wiseman Ntombela has a passion for Soweto's blue skies which has driven him to open his own tourism aviation company called Fly SA Wise.

Ntombela was concerned that tourists frequent Soweto a township in Gauteng, but never get to see the whole township only spending time on Vilakazi Street where the house of the late former President Mandela is situated.

He did research on how he could get visitors to see the whole township within a short space of time, and the only solution was a helicopter.

"I started having talks with helicopter and aviation companies and they agreed that this is a good idea," he said.

In 2016, Fly SA Wise became

operational offering visitors a bird's view of the iconic township with a cost of R250 for a 15 minutes helicopter ride.

"We have different prices depending on the experience that the client requires. Apart from flying over Soweto, we also fly our clients to Kruger National Park and the Mandela Museum in the Eastern Cape," he added.

Over the years the company has expanded on services that it renders and it now flies clients to different places for breakfast and lunch.

The company has also collaborated with other companies that offer experiences such as air balloon, sky diving, and private game reserves.

In order to promote South Africa to the world, the company also uses technology to live-stream experiences of its clients, sharing this on different social media platforms. "This enables



■ Fly SA Wise Managing Director Wiseman Ntombela is excited about flying tourists all over Soweto

people in different countries to see what the tourists are experiencing in South Africa and in a way we are taking South Africa

to the world," said Ntombela.

This company which has also created four permanent jobs and ten casual also won

R200 000 during the 2018 Gauteng Township Entrepreneur Awards for tourism innovation. ■

Konke okumele ukwazi ngokuqala i-B&B

Dale Hes

Ufuna ukwenza imali ngokuhlizeka izihambeli ngenawo yokuhlala, ubanakekele ngendlela eseqopheleni eliphezulu ngenkathi zivakashele indawo yangakini? Ama-Bed and Breakfast (ama-B&B) angenye yezindlela ezinezuzo enkulu yokuba ngumnikazi webhizinisi emkhakheni wezokuvakasha. Nakhu konke okumele ukwazi ngokuqala eyakho i-B&B.

Yini i-B&B?

NgokoMkhandlu Oklama Amazinga Ezokuvakasha eNingizimu Afrika, i-Tourism Grading Council of South Africa, ama-B&B ahlinzeka ngendawo yokuhlala ehlinzeka ngemisebenzi ekhethekile kuphela engatholakala ekhaya.



Igumbi ngalinye kumele libe nendawo yokugezela yalo, futhi isidlo sasekuseni kumele sibalwe emananini okuhlala. Phezu kwalokho, igumbi kumele lilungiswe nsukuzonke ngenkathi isihambeli sakho sisahlala khona.

Ama-B&B akanakuba namagumbi ezihambeli angaphezu kwamathathu. Uma amagumbi ezihambeli angaphezu kwalokho, ibhizinisi lakho kumele lichazwe ngokuthi i-guest house.

Ngezphi izinqubo okumele uzilandele ukuze uqale i-B&B yakho?

Isinyathelo sokuqala okumele usithathe ukuqonda kumasipala wakho wasendaweni uye kofaka isicelo sokuthi umuzi wakho uklamwe njengesakhiwo sokuhlizeka ngendawo yokuhlala izihambeli. Ungase udinge ukuthola imvume kubanikazi bemizi owakhlene nayo, nokufaka izaziso zokwazisa umphakathi, uma

kwenzeka ufuna ukufaka iziphikiso.

Uma sewuthola isigunyazo esivela kumasipala, kuzodingeka ukuthi ulandele imithetho ethile emisiwe.

Izinto ezibalulekile okumele uzibheke

Indawo – Indawo i-B&B yakho ekuyo ibaluleke kakhulu. Uma uhlala endaweni engaziheli izihambeli, akuzukuba lula ukuthi ibhizinisi lakho liphumelele.

Ezezimali – Ukuvakasha kungavama kakhulu ngezikhathi ezithile zonyaka, ngakho kudingeka ube nemali oyibekile eyanele ukuthi ukwazi ukuphila ngezikhathi zonyaka ezingekho matasa.

Indlela yokuphila entsha – Indlela ophila ngayo izoshintsha kakhulu uma sewungumnikazi we-B&B. Kuzodingeka

ukuthi uvuke ekuseni kakhulu uphinde ulale ebusuku kakhulu, futhi kuzodingeka ujoye ukuhlalisana kahle nezihambeli emzini wakho. Okunye okuzodingeka ukuthi ukunakele ukunakekela nokugcina izihambeli zakho zanelisekile ngaso sonke isikhathi.

Ukukhangisa nge-B&B yakho – Umkhakha wezokuhlalisa izihambeli ugcwele ukuncintisana, ngakho-ke kuzodingeka unikele ngesikhathi sakho nemali ngokuthi ukhangise nge-B&B yakho. Kuzodingeka ucabange ngezindlela zobuhlakani zokukhangisa ibhizinisi lakho. ■

Ukuze uthole olunye ulwazi ngoMkhandlu i-Tourism Grading Council of South Africa shayela ku: 011 895 3000.